



# basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2010

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-8.

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:
 

ISIQEPHU A: Indaba	(50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, malube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
 

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
7. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele lapho kudingeka khona. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.
9. Abahlolwayo mabaqaphelisise upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
 

ISIQEPHU A: (Izindaba)
• Ubude bendaba
Bhala ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
ISIQEPHU B: (Umbhalo owedlulisa imiyalezo)
• Ubude bombhalo
Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.
QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.
ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane enemiyalezo)
• Ubude bombhalo
Bhala ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.
QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO I**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

QAPHELA: Ungakhohlwa ukwenza uhlaka lwendaba yakho ngoba lunamamaki.

- 1.1 Iziteleka ezweni lakithi sezibuye zaqala phansi ikakhulukazi emiphakathini ephethwe amakhansela. Abantu sebekhombisa ukulahla ithemba ngendlela okuhamba ngayo kancane intuthuko ezindaweni zabo.

Bhala indaba ubeke owakho umbono ngalezi ziteleka. **Yinike isihloko indaba yakho.**

[50]

**NOMA**

- 1.2 "Ngamelwa umqondo, angangazi okwakumele ngikwenze lapho ngizwa isibhamu siqhuma kanti umama sebemdubulile ngenkathi imoto isamile erobhothini."

Bhala indaba ezoveza imizwa yakho ngokwenzeka lapho. **Yinike isihloko indaba yakho.**

[50]

**NOMA**

- 1.3 Abantu bayaye benze izinto ezibuhlungu kwabanye abantu bangazitsheli ukuthi bayophinde bababone nalabo bantu, kanti abazi ukuthi unyawo alunampumulo.

Bhala indaba ngalesi sihloko ezocacisa lesi saga: **Unyawo Alunampumulo.**

[50]

**NOMA**

- 1.4 Ulimi lwesiNgisi lusakhonya lapha eNingizimu Afrika.

Bhala indaba ezovumelana **noma** iphikisane nalesi sihloko.

[50]

**NOMA**

- 1.5 Abesifazane abaningi abafundile abangaganile bathola imisebenzi emihle kodwa ekude nasemakhaya. Lokho kubangela ukuba izingane zisale zodwa noma zisale nabasizi isikhathi eside.

Bhala indaba ezoveza ububi nobuhle balesi simo. **Yinike isihloko indaba yakho.**

[50]

**NOMA**

- 1.6 Kuyinto enhle nekhombisa ubuntu ukubona omakhelwane bebingelelana noma bexoxa ngokuthile okuthinta impilo yabo.

Bhala indaba ezohambisana nalokhu okwenzeka kulesi sithombe. **Yinike isihloko indaba yakho.**




[Drum, 16 April 2009]

[50]

## NOMA

- 1.7 Uma uqala ukufunda isikole uyaye ungacabangi ukuthi ngelinye ilanga uyoqeda ufake ijazi lezemfundo.

Bhala indaba ehambisana nezithombe. **Yinike isihloko indaba yakho.**




[Drum, 16 April 2009]

[50]

**NOMA**

1.8 Izingozi zemigwaqo ezweni lakithi zidalwa izimo ezahlukahlukene.

Bhala indaba ezohambisana nezithombe ezikhombisa lezo zimo. **Yinike isihloko indaba yakho.**



[50]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

- 2.1 UnguNobhala wesigungu somkhandlu wabafundi, benihlangene nilungiselela ukuhlanguana nesigungu esimele abazali esikoleni senu. Nibe senibhala uhlu lwezikhalo eninazo ezizolekelela ekuthuthukiseni isikole senu.

Bhala **indabambiko (imemorandamu)** enizoyethula kuMphathisikole. **[30]**

**NOMA**

- 2.2 Umngani wakho ukuthumele umbiko ngomakhalekhukhwini ukuthi sekushone umfowabo omdala obekunguyena abesebethembele kuye njengoba nabazali bengasekho.

Bhala **incwadi** umduduze uphinde umnike nethemba ngalesi sehlakalo. **[30]**

**NOMA**

- 2.3 Usemcimbini womngani wakho wosuku lokugubha usuku lokuzalwa. Uthe ungazelele wacelwa ukuba uzokwethula inkulumo yosuku ngalo mngani. Lokhu kubangelwe ukuthi lowo obeceliwe usebikile ukuthi akasaphumeleli ngenxa yezizathu ezithile.

Bhala **inkulumo engalungiselelwe.** **[30]**

**NOMA**

- 2.4 Usenhlanguweni yentsha ethuthukisa amakhono entsheni yangakini. Njengoba bekuvalwe izikole le nhlanguano ibe isikukhetha ukuba ube ngomunye ozoyothamela inkulumo kaLinda Sibiya odume ngezinkulumo zakhe ezakhayo ikakhulukazi entsheni. Isihloko abekhuluma ngaso besithi: **Akuphelile Ngawe Uma UMdali Engakasho Yena.**

Bhala **umbiko** ngalokho okufundile ngale nkulumo ebithulwa uLinda Sibiya. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

- 3.1 Ungumfundi webanga leshumi nambili. Sekusele isonto elilodwa bese kuqala ukuhlolwa kokuphela konyaka. Isikole ofunda kuso sininike isonto elilodwa ukuba nizilungiselele, ngokukhululeka.

Bhala **idayari** yezinsuku eziyisikhombisa ekuyiyo ozoyisebenzisa ekuzihleleni. Nikeza izizathu zalokho ozobe ukwenza. [20]

**NOMA**

- 3.2 Abazali bakho bathathe uhambo lwezinsuku ezinhlanu lokuvakashela izihlobo zabo ezikude. Bakushiye nemiyalelo yokuba ubheke konke lapha ekhaya ukuthi kuhamba kahle ngendlela efanele.

Bhala leyo **miyalelo** uphinde ubhale nezizathu zalokho okuthiwa ukwenze. [20]

**NOMA**

- 3.3 Uhlele ukuba wenze umcimbi wokubonga abazali bakho abakukhulise kanzima ngenxa yesimo sempilo ekhaya. Namhlanje lokho sekufana nomlando empilweni yakho.

Bhala **ikhadi lesimemo** umeme umngani wakho ukuba abe yingxenye yalo mcimbi. [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**